IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Intombazane
Eyaphila
Kabili

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2022 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJayirosi wayengumholi wenkolo yamaJuda owayekhulekela uNkulunkulu efundisa nabanye Izwi likaNkulunkulu. Ngelinye ilanga wafikelwa yisehlakalo esibi. Indodakazi yakhe ayithandayo, eneminyaka engamashumi amabili kuphela, yagula. Kwakungekho umuntu ongamsiza. Kwakuyisifo esibi. UJaruyi wayazi ukuthi intombazane yayifa.

Munye kuphela umuntu owayengasiza indodakazi kaJayirosi. UJayirosi waqala ukufuna uJesu futhi amulethe endlini yakhe. UJayirosi cishe wayazi ukuthi abangane bakhe benkolo abamamukeli uJesu. Kodwa uJayirosi akabanga nandaba.

Kwadingeka ukuba athole usizo ngokushesha ngaphambi kokuba indodakazi yakhe ishone.

UJayirosi wathola uJesu ezungezwe abantu.
Waguqa ezinyaweni zakhe. “Indodakazi yami encane isizoshona,” kuncenga indoda eyayiphelelwa ithemba. “Woza ubeke izandla zakho kuyo ukuze izosinda, futhi iphile.”

UJesu wahamba no Jayirosi. Kodwa abasheshanga ngenxa yesixuku esikhulu. Omunye wesifazane wayesegule kakhulu iminyaka engamashumi nambili emide. Wayesebona yonke inhlobo yadokotela (futhi wasebenzisa yonke imali yakhe) ngaphandle kokuthola usizo. O, yena wayefuna ukubona uJesu.

Yayingenzani intokazi? “Uma nje ngingathinta izingubo zakhe, ngizosinda,” kububula lentokazi. Waqonda kuJesu. Bese, ngokwelula isandla sakhe, wathinta ingubo kaJesu.

Isimangaliso!
ISIMANGALISO! Intokazi yaphulukiswa. Ngokushesha! Ngokuphelele! Wayazi ukuthi uphilile futhi unamandla futhi uphelele. Kodwa kwaba sekubuza izwi. "Ubani othinte Mina?" UJesu ebuza. Izixuku zazimthintile. Kodwa intokazi eyayisiphulukisilwe yazi ukuba kumele imutshele ngakho. Ngokwesaba, yamtshela yonke indaba.

Ngaleso sikhathi, kwafika izinceku zivela endlini kaJayirosi. Cishe ubuso babo bakhuluma indaba ebuhlungu bengakakhulumi. "Indodakazi yakho isishonile" betshela uJayirosi. Ishonile! Kwase kuphuze kakhulu. Mhlawumbe ukube leyontokazi ayizange ibambezele izinto ... mhlawumbe, uma ... Ushonile! Intombazanyana kaJayirosi eyigugu kuye ayisekho.

UJesu ekuzwa lokho, Waphendula, “Ungasabi; kholwa kuphela; futhi uzosindiswa.” Kwakumele ukuba kwakunzima kangakanani ngempela ukuba uJayirosi akholwe uJesu. Indodakazi yakhe yayishonile.

Endlini, bakhala bonke abantu bekhalela intombazane. UJesu wathi “akafanga kodwa ulele,” Bamhleka, bayazi ukuthi intokazi ishonile.

UJesu wabakhipha bonke ngaphandle,
wabamba intombazane ngesandla futhi wathi
"Ntombazanyane, vuka."

UJayirosi wayekhona. Unkosikazi wakhe wayekhona. Abafundi abathathu bakaJesu babelapho. Bonke bezwa amazwi kaJesu. Ingabe intombazanyane efile yayizobezwa nayo?

Intombazane efile yezwa umyalo kaJesu! Umoya wayo wabuya, futhi wavuka ngokushesha. UJesu wayemvusile kwabafileyo.

Abazali bentombazane bamangala. UJesu wabatshela ukuthi abanike intombazane into yokudla. Yeka indlela okwakumele bezizwe bejabule ngayo; indlela yokubonga uJesu. Uthando Lwakhe namandla amangalisayo abuyise indodakazi yabo ekufeni.

Intombazane Eyaphila Kabili

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu,
iBhayibheli,

Itholakala

Marku 5, Luka 8

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16